

Vumani ukungavumelani ngokuthile

Ibhalwe nguBandile Sikwane

Imifanekiso nguChantelle kanye noBurgen Thorne

Ngesinye isikhathi, kuwubuhlakani ukuthi sivume ukungavumelani ngokuthile. Akuyona yonke into okumele siphikisane ngayo kuze kuyoshona ilanga. Lesi yisifundo inkonyane elinguBelinda Bovine kanye nomngani walo omkhulu uDumisani oyichwane likadrako abasifunda kanzima.

Ukuze baqede ingxabano yabo eyayivutha kodwa kungeyobungane ngalolo suku olwalubenza bangakhululeki, lugcwele izimpukane, nolushisayo, balinda kwaze kwaba sekushoneni kwelanga, lapho okwakubuya khona wonke ama-90 omndeni wakubo kaBelinda emasimini. Kanti wawulambe wonke ngokwedlulele.

“Hawu, sawubona, Dumisani. Kwakuhle ukuthi uzodla nathi isidlo sakusihlwa,” umama kaBelinda wabaphazamisa ngamabomu njengoba wayehlale enza uma laba ababili sebeqala ukuqophisana kwabo. Abazange bamuzwe nokumuzwa.

“Akunjalo!” kugcizelela uDumisani.

“Kunjalo!” kuphikisa uBelinda, ngesikhathi bephanga ukudla kwakusihlwa okumnandi. Kwakungekho ukudla okumnandi ukudlula ukudla okwakuphakwa esibayeni sePulazi iRasdorf.

“Elami limemeza kakhulu,” kuphikisa uBelinda.

“Into engeke yenzeke leyo!” kusho uDumisani esho ngamehlo akhazimulayo, emangazwe yilokhu okushiwoyo. “Elami liyingozi futhi lishisa yonke into!”

“Kahle, bo!” Lawo mazwi okugcona ayephuma emlonyeni kaBelinda ogcwele umthamo.



“Yekani ukulokhu niqophisana nina nobabili, uma ningayeki nizoyodlela phandle,” kwexwayisa umama kaBelinda, nokwakunguyena owayethukuthele kakhulu.

Isexwayiso sabangela ukuthi kube nokuthula okungaqhamuka kuphela eziswini ezisuthi. Kwakuyilokho okwakubangela ukuthi umzimba ukhululeke, uvumele isisu ukuthi senze lokho esasikwenza kahle: ukugaya, sigaye, siphinde sigaye futhi.

Ukuthula kwaba okwesikhashana nje. Ngesikhathi umama kaBelinda ebathelela i-*soda water* ehlwahlwazayo, laba ababili baqhubeka lapho babegcine khona.

“Okwami kuyingozi kakhulu. UMama uthi kubangela ukuthi umhlaba ufudumale,” kusho uBelinda ngokuzethemba. Nokho-ke kwakungelona iqiniso lokhu, ukuthi nje wayephonsela uDumisani inselelo.

“Ngabe kunjalo! Yenza sibone-ke,” kumemeza uDumisani.

Wenza njengoba kushiwo uBelinda wabhodla kakhulu. Nokuyinto eyenyanyisa wonke umuntu.


Manje-ke...

BHOOOOOOOOOOOOOO!

kubhodla uBelinda.

“Ubala lolu!” kuphindisela uDumisani.

“Bamba isiphuzo sami.”



ededela umoya uDumisani.

Manje-ke, uBelinda kanye noDumisani babengazazi izinto ezintathu ezingamaqiniso.

Elokuqala: Ngesikhathi sokugayeka kokudla, izisu ezine zenkomo zibangela ukunqwabelana kwegesi ebizwa nge-methane. Inkomo ikhipha le gesi ngokubhodla.

Iqiniso lesibili: Odrako bakwazi ukundiza kuphela ngemva kokuba sekugayeke ngokuphelele ukudla esiswini sabo. Basebenzisa izisu zabo ezine eziswini zabo eziyisishiyagalombili ukwetshisa ukudla njengoba kwenza izinkomo, nakho kukhiqiza igesi ye-*methane*. Lezi ezinye izisu zivuthisa i-*methane*. Yingakho kucatshangwa ukuthi odrako “bakhafula” umlilo, kanti cha indlela nje ababhodla ngayo.

Iqiniso lesithathu – futhi leli libaluleke ukuwadlula wonke: Igesi ye-*methane* ivutha kalula. Lokhu kuchaza ukuthi inhlansi encane ukuzidlula zonke ingabangela ukuqhuma okukhulu.



Ukubhodla kukaDumisani kwakungeyona
inhlansi encane. Lapho sekuhlengana nokubhodla
kukaBelinda okwakusuka ekujuleni kwesisu,
ukuqhuma kwalahlela kude uphahla kwase kuhlakaza
isibaya sasePulazini iRasdorf.

Ngenhlanhla bonke ababephakathi bakwazi ukuphuma
basindise izimpilo zabo. Nokho, kumele kushiwo
ukuthi kwakudabukisa ukuthi, lo monakalo ongaka
wawubangelwe yingxabano yobungane nje. Lokhu-ke
kukhombisa ukuthi, ngesinye isikhathi, masivume
ukungavumelani ngokuthile.

Futhi ngenhlahla-ke, kwakuqala ukuthi,
ngokuphathelene nalokhu okuyiqiniso okubalulekile,
uBelinda kanye noDumisani bagcina bevumelene.

Vumani ukungavumelani ngokuthile

Ibhalwe nguBandile Sikwane • Imifanekiso nguChantelle kanye noBürgen Thorne

Imibono okungaxoxwa ngayo

Ucabanga ukuthi kungani uBelinda noDumisani bephikisana kangaka? Ucabanga ukuthi ngezinye izikhathi kungcono ukuvuma ukuthi imbono yenu ayifani? Kungani besilungile/besingalungile?

Yini eyenza into ibe iqiniso? Ubani okufanele anqume ukuthi indaba iyiqiniso yini?

Ezibonakalayo

Bhekisisa isithombe emakhasini amabili okuqala endaba.

- ★ Ubona izinkomo namadragoni amangaki ethebulini?
- ★ Yikuphi ukudla okukhona abangakudla?
- ★ Ucabanga ukuthi baphuzani?
- ★ Ungakwazi yini ukuthola uDumisani, uBelinda nomama wakhe?

Ukufunda

Ucabanga ukuthi kungani indaba ibizwa ngokuthi *Vumani ukungavumelani ngokuthile*? Ucabanga ukuthi uBelinda noDumisani wafunda isifundo sokuthi ngezinye izikhathi kuwukuhlakanipha ukuvuma ukuthi imbono ayifani? Nikeza isizathu/izizathu zombono wakho.

Ukubhala

Bhala umdlalo usebenzisa okubhalwe endabeni.

Ukusebenza

Lingisa umdlalo wakho namalungu omndeni kanye/noma abangani.

Umsebenzi wezandla

Yenza okokubekisa lapho ufunda incwadi ngento enekhanda lenkomo noma eledragoni phezulu.